


UKUTHUMBA ISANGO LESITHA

NGEMVA KOKUVIVINYWA

 Ngiyamangala ngalokho...Liyazi, ngilombono omncane, okunjengoba, ukubona abantu bemi lapho sifunda iLizwi. Alikufuni yini khonalokho? Siyasukuma ukuze sitshengise ukuthembeka, siyasukumela ilizwe lethu, kunganike singalisukumeli iLizwi khathesi?

² Lapho sisasukumile okomzuzu. Ngangibala ugwalo, isikhathi esincane esidlulileyo, njalo bengicabanga izolo ebusuku ngabantu abamela uKhristu. Uba ungakaze ukwenze, awungeke ukwenze yini lamhlanje?

³ Kwakulomvangeli omkhulu, iminyaka engaba ngamatshumi ayisikhombisa lanhlanu edlulileyo, kangisalicabangi igama lakhe. Ngicabanga ukuthi kwakungu Arthur McCoy, njalo wayedabule ilizwe. Ngakho ngobunye ubusuku wayephuphe ukuthi wayehambe eNkazimulweni. Ngakho wathi waya eSangweni, njalo uthi kabamvumelanga ukuthi angene. Ngakho uthi wasesithi, “Ngingu Arthur McCoy wase United States. Ngingumvangeli.”

⁴ Umgcini wesango wasengena, (manje leli kwakuliphupho), ngakho wasengena, wathi, “Igama lakho kangilitholi ngitsho.”

Wathi, “Awu, ngangiumvangeli.”

Wathi, “Mnumzana, ngi. . .”

⁵ Wathi, “Kambe, kulethuba elokuthi. . .Kulento engamanga kuhle.”

⁶ Wathi, “Hatshi, mnumzana. UGwalo ngilalo lapha. Igama lakho kangilitholi ngitsho.”

Ngakho wathi, “Pho, kulento engingayenza ngakho yini?”

⁷ Wathi, “Ungaludlulisela udaba lwakho eSihlalweni esiMhlophe eSokwahlulelwa.” Nkulunkulu, nceda. Kangifuni ukuba khonangale.

⁸ Wathi, “Pho, uba kuyilo lodwa ithemba lami, ngizakuya dlulisela udaba lwami.”

⁹ Ngakho wathi wacabanga ukuthi waya khatshana, njalo khonapho...Ngakho eseqalisa, uthi kwakumnyama, njalo kwaya kukhanya njalo kukhanya, njalo uthi kwakungela ndawo ethile lapho lokho uKukhanya okwama khona, kodwa waye ephakathi Kwakho. Ngakho uthi Wathi, “Ngubani obuyayo eSihlalweni sami esokwaHlulelwa?”

10 Wathi, “Ngingu Arthur McCoy. Ngingumvangeli, ngihambise imphefumulo eminengi eMbusweni.”

Wathi, “Igama lakho kalitholakalanga eBhukwini?”

“Hatshi.”

Wathi, “Ngakho wedlulisela eMthethwandaba Wami?”

“Yebo, mnumzana.”

11 “Uzathola isigwebo esifaneleyo. Ngiyakwahlulela ngemithetho Yami. Arthur McCoy, wake waqamba amanga?”

12 Wathi, “Ngangicabanga ukuthi ngiyindoda elungileyo ngaze ngama kulokho kuKhanya.” Wathi, “Kulokho kuKhanya, ngangiyisoni.” Sonke sizakuba njalo. Ungezwa uhlalisekile okwakhatesi, kodwa mana uze ufike Khonale. Ucabanga ukuthi kuzwakala njani lapha uba Egoba? Uzwa umncane njani! Kuzabe kunjani esiHlalweni esiMhlophe esokwaHlulelwa?

Wathi, “Wake waqamba amanga?”

13 Wathi, “Ngangicabanga ukuthi ngangiqotho, kodwa izinto ezincane engangicabanga ukuthi ngokungamanga okumhlophe, Ngale kwaba kukhulu njalo kwabamnyama.”

Wathi, “Yebo, mnumzana, ngakhuluma amanga.”

Wathi, “Wake wantshontsha?”

14 Wathi, “Ngacabanga ukuthi ngangithembekile kukho, njalo ngingakaze ngintshontshe,” kodwa wathi, “ebuKhoneni balokho kuKhanya, nga—nga nanzelela ukuthi kulemisebenzi engayenzayo, eyayingaqondanga.”

Wathi, “Yebo, mnumzana, ngantshontsha.”

Wathi, “Isigwebo Sami . . .”

15 Ngakho eselungele ukuzwa isigwebo sakhe, “Suka uye emlilweni ongapheliyo owalungiselwa udeveli lengilosi zakhe,” uthi onke amathambo aye esehlukana.

16 Uthi, “Ngezwa iPhimbo elihle kulengake ngalizwa empilweni yami.” Wathi, “Ngathi ngithalaza ukuthi ngibone, ngabona ubuso obuhle kulalobo engake ngabubona; obuhle ukwedlula ubuso buka mama, iphimbo elihle ukwedlula lelo umama wami owake wangibiza ngalo.” Wathi, “Ngathalaza. Ngezwa iPhimbo, lathi, ‘Baba, liqiniso, wakhuluma amanga njalo waye engathembekanga. Kodwa, phansi emhlabeni Wangimela,’ wathi, ‘khatesi ngizakuma endaweni yakhe.’”

17 Yikho engifuna kwenzakale Ngale. Ngifuna ukum’ela Yena khatesi, ukuze, lesi isikhathi singafika, Wama endaweni yami.

18 Kasibaleni ku Genesisi 22: kundima 15, 16, 17, lo 18.

INGilosu yeNKOSI yambiza uAbrahama isezulwini okwesibili.

Yathi, Ngizifungile, kutsho iNkosi, ngoba wenze linto, njalo kawuyalanga lendodana yakho, indodana yakho eyodwa:

Ukuthi ekubusiseni Ngizakubusisa, . . . ekukwandiseni ngizakwandisa inzalo yakho njenge nkanyezi zasezulwini, njalo njenge tshebetshebe elisekhunjwini lolwandle; njalo inzalo yakho izathumba isango lesitha salo;

Njalo kunzalo yakho izizwe zonke zasemhlabeni zizabusiswa; Ngoba ulalele ilizwi lami.

Asithandazeni.

¹⁹ Baba oseZulwini, thatha isifundo khathesi, Nkosi, njalo sitshumayeze. UMoya oNgcwele kawuthwale aMazwi, Nkosi, aye kuyoyonke inhliziyi. Lokho kugcwalisa inkangelelo yethu kule imini, ngoba inkulu, Nkosi. Njalo wasitshela ukuthi sicele okunengi, ukuze intokozo yethu igcwale. Siyacela ngeGama lika Jesu. Amen.

Lingahlala phansi.

²⁰ Uba ngingaletha isifundo, okwemizuzu emilutshwana. Iphimbo lami kalilunganga, yikho ngisima duzane le microphone. Ngiyazi kulokuphenduka kwamazwi, kodwa sizakubekezelela okwesikhathi esifitshane. Ngithanda ukusibiza ngisithi: *UkuThumba ISango LeSitha Ngemva KokuVivinywa.*

²¹ Inkundla yethu isungululwa kwezinye zezinkundla ezinhle kuAbrahama. Liyakwazi ukuthi uAbrahama ungubaba wabathembekileyo. Njalo isithembiso saphiwa uAbrahama. Ngakho ngokuba yizindlalifa kanye laye, ngo Khristu, yiyo indlela kuphela esamukela ngayo isithembiso, ngo Abrahama. Khathesi, uAbrahama waye engumuntu makhaza, kodwa wayebizwe ngu Nkulunkulu njalo wathembeka kulolo ubizo. Lapho uNkulunkulu ekhuluma laye, uAbrahama kazange ngitsho lakancane elithandabuze lelo iPhimbo. Wahhala Lalo. Kungakhathalekile lobunzima, wahhala Lalo.

²² Ngakho wathenjiswa indodana. Njalo walinda okweminyaka engamatshumi amabili lanhlanu ukuze athole leyo ndodana, ebiza yonke into ephikisayo sokungathi akunjalo. Ngakho ke, njalo kule indodana, zonke imuli zasemhlabeni zazizabusiswa. Ngakho ukhokho wathembeka kubizo lwakhe langeLizwi lesithembiso.

²³ Waye eyisibonelo salokho okumele sibe yikho khona. Khathesi thina, ngokufa kuKhristu, siyiNzalo kaAbrahama.

²⁴ Khathesi, kulenzalo embili ka Abrahama. Eyinye yayinzalo yenyama; eyinye yayo yiNzalo kamoya. Eyinye yayo ingeyenyama, ngomzimba wakhe; eyinye yayo iyiNzalo yokholo

Iwakhe, ukhoho, ukuthi lathi sibe yiNzalo kaAbrahama ngeLizwi elithenjisiweyo.

²⁵ Ngakho khathesi esevivinyiwe okweminyaka engamatshumi amabili lanhlanu, njalo, esikhundleni sokuba buthakathaka, waqina. Bona, uba kungenzakalanga ngomnyaka wakuqala, umnyaka olandelayo kwakuzakuba yisimanga esikhulu, ngoba sokuleminyaka embili. Ngakho wangezelela iminyaka, lapho eluphala, umzimba wakhe waye ususifa. Izibeletho zika Sarah, isibeletho, kumbe sona (saba) sasingasazithwali. Ngakho amandla akhe aphela, njalo kwaba le... Akweneliseki ngitsho.

²⁶ Wake wacabanga yini ukuthi uNkulunkulu wenzani khonaphana? Bona, Kazange enze ukuthi isibeletho sakhe senelise ukuthwala isisu. Ngoba, khumbula, uba Yena wenza njalo, ngakho khumbula uba Yena wenza njalo... babengelawo amagula awempilakahle, kulezo nsuku, awokupha umntwana, uchago lwenkomo. Bona? Laye wayemele e... Imithambo yamabele yayisiwomile. Ngakho Yena—Yena wayengeke e... Kwakumele kube lento eyenzakalayo.

²⁷ Ngakhoke, khangela owesifazana, iminyaka elikhulu yobudala, ukuthi angene phakathi kwemihelo. Inhliziyo yakhe yayingeke imelane lakho. Kunzima khathesi kowesifazane, oleminyaka engamatshumi amane, ukuthi akwenze. Inhliziyo yakhe yayingeke imelane lakho. Ngakho liyakwazi ukuthi Yena wenzani? Uba linganzelela...

²⁸ Khathesi ngiyakwazi abanengi kabasoze bevumelane. Uba lokhu kulungile ukwenza lowu umutsho? Bona, ngi... Kungabe kuyikucabanga kwami.

²⁹ Bona, iBhayibhili liBhuku likaMoya. Lilotshwe ukuze licatshale izikolo, labafundele ibhayibhili. Bangaki abakwaziyo lokhu? UJesu wabonga uNkulunkulu. Yena wathi, “Ngiyakubonga, Baba, Ukufihlele izazi labahlakaniphileyo, Wakwambulela insane kunye lalabo abangafunda.” YiNcwadi yothando. Uba uthando luka Nkulunkulu solungenile enhliziyweni, uyathandana loNkulunkulu, Abe sezambula Yena, incazelo yeBhayibhili. Incazelo yeBhayibhili nguNkulunkulu Ngokwakhe echasisa izithembiso Zakhe. Kodwa, iBhayibhili, Ilotshwe phakathi laphakathi komzila.

³⁰ Khathesi, njengo mkami, o, ungumfazi olunge kakhulu emhlabeni wonke, njalo ngiyamthanda sibili. Laye uyangithanda. Uba ngingekho ngekhasya, uyangibhalela incwadi, ethi, “Kuwe Bill, kulintambama sengilalisile abantwana. Lamuhla ngiwatshile,” kunye lakho konke akwenzileyo, futhi lokunye. Manje ukutsho lokho encwadini. Kodwa, liyabona, ngiyamthanda kakhulu, simunye kakhulu futhi simunye kangako, ngize—ngi ngenelisa ukubala phakathi laphakathi kwemizila. Ngiyakwazi lokho afuna ukukutsho, bona, loba engangitshela lokho kumbe ayekele, bona. Ngi—

ngiyakwazi akutshoyo, ngoba luthando lwami kuye, kunye lokuzwisisa kwami.

³¹ Yeboke, yindlela iBhayibhili elibhalwe ngalo. Bona? Aba—aba fundi badlula phezu kwakho; abasoze bekuthole. Bona, kumele ube uthandana leLizwi, Yena, “ukubamazi Yena.” Bona?

³² Khathesi, khathesi lapha, khangela lokho Akwenzayo. Manje uAbrahama loSarah bobabili basebebadala, “sebeluphele,” iBhayibhili yatsho. Khathesi kwakungasikuthi babengabantu nje abaphile isikhathi eside khonale. IBhayibhili lathi, “Basebeluphele sibili eminyakeni yokuzalwa.”

³³ Khathesi nanzelela, masinyazana ngemva kokubonakala kwale iNgilosi, ebesikhuluma ngayo; okwakungu Elohim, uNkulunkulu. Njalo Wathi, watshela uAbrahama, “Ngizakuvakatshela ngokwesikhathi sempilo.” Khathesi khangela isikhathi sonke, babe ngumfanekiso weBandla, sonke isikhathi.

³⁴ Khathesi khangela. Nanku okwenzakalayo. Khathesi, kazange egambele uSarah, njalo egambele loAbrahama. Wabaguqula baba lijaha kanye lentombi. Khathesi lokhu kunga khanya kumangalisa, kodwa khathesi khangela iLizwi lonke, njalo ulihlanganise. ILizwi liphefumulelwe, njalo wena kumele uphefumulelwe yiLizwi. Khathesi, khumbula, masinyazana ngemuva nje kwalokho, masinyazana ngemuva nje kokubonakala kwale iNgilosi . . .

³⁵ Ngiyakubona nje lokho, lolo nwele olumhlophe luka Sarah, ugogo omncane ole shaweli ehlonbe lakhe, leqhiye encane, ebambe udondolo, ehambahamba. “Mina, ngibe lentokozo lenkosi yami, njalo yena eseluphele, futhi?” Bona? Futhi nangu uAbrahama, lolu udevu olude, ebambelele kudondolo, enjalo, eseluphele kakhulu.

³⁶ Njalo ngiyabona, ekuseni okwalandelayo, amahlombe akhe aqalisa ukweluleka, ibhundu lasuka emhlane wakhe. Inwele zakhe zaqalisa ukuguquka. Babuyela ekubeni lijaha lentombi. Etshengisa Azakwenza kuNzalo yobuKhosi kaAbrahama, bona, lapho sesi “guquliwe ngesikhatshana, ekucwayizeni kwelihlo, senyukiswe ndawonye.”

³⁷ Khangela okwenzakalayo. Khathesi ake ngikutshengise lokhu. Khathesi bathatha uhambo besuka kuleyana indawo ababekiyo, le eGomorra; bahamba baze bayafika eGerar, phansi ezweni lePhalastina. Like lakunanzelela yini? Kukhangeleni emephini, kukhatshana okungakanani. Kuluhambo olude kubabili abaleminyaka engako.

³⁸ Njalo ke, ngaphandle kwalokho, e—e lizweni lePhalastina le, kwakulenkosi esakhulayo igama lingu Abimelech, njalo wayedinga umfazi. Njalo wayelawo wonke amantombazana amahle ase Phalastina, kodwa lapho ebona ugogo, wathi,

“Ukhangeleka emuhle,” ngakho wase mthanda njalo wasefuna ukumthatha. Kunjalo. Uh-huh. Bona, wayemuhle. Bona?

³⁹ Wayesebuyele waba yintombi. Nanzelela, wayemele abenjalo, ukuze alethe lowo mntwana. UNkulunkulu wamenza waba yisidalwa esitsha. Njalo wayemele abenjalo, ukuze akhulise lumntwana. Njalo khumbula, uAbrahama, “umzimba wakhe usufana lofileyo,” njalo uSarah wafa lapho uAbrahama ese... uIsaac wayeseleminyaka engamatshumi amane lanhlanu, ngiyakholwa, lapho uSarah esifa. UAbrahama wasethatha omunye umfazi njalo wasesiba lamadodana ayisikhombisa singabali amadodakazi, ngemva kwalokho. Amen.

⁴⁰ Bona, bala phakathi kwemizila. Kungumfanekiso. Kutshengisa ngale lokho azakwenza kubo bonke aBantwana baka Abrahama. Yikuthi khathesi sesisondela kikho, ngakho amahlombe ethu asegbile njalo lakho konke akwenzi umahluko, bangani. Njalo inwele zethu esezimhlophe njalo laloba kuyini, akulandaba khathesi. Kasikhangelani emuva. Kasikhangelani phambili kulokho esiya kikho.

⁴¹ Ngakho khumbula, lesi isibonakaliso esisibonayo, sasiyisibonakaliso sokucina esabonwa nguAbrahama kanye loSarah wakhe, indodana ethenjisiweyo ingakabi khona. Sikhohlwa ukuba sesikulelo hola.

⁴² Ukhokho, ngemva kokuzalwa kwaleli ijaha... Akucabange uIsaac, iminyaka engaba litshumi lambili; elincane elithandekayo, ijaha elilenwele eziphotheneyo, amehlo amancane ansundu? Nginga cabanga ukuthi lowo mama wezwa njani; inina elincane elihle, njalo ke, njalo uyise. Ngakho ngelinye ilanga, uNkulunkulu wathi, khathesi, njengo mzekeliso; sesikhatshana, lehola okuzabuya khona. “Ngikwenze waba ngubaba wezizwe, ngalumfana, kodwa ngifuna ukuthi uthathe lumfana phezulu enqongeni yentaba Engiza kutshengisa yona, njalo Ngifuna umbulalele khona, njengo mhlatshelelo.” Ungakucabanga lokho?

⁴³ Khathesi awukaze utshelwe ukuthi uhambe ekuvivinyweni okunjalo. Khathesi Kasakwenzi lokho. Lokho kwakuyimizekeliso, amathunzi.

⁴⁴ Wesaba yini uAbrahama? Hatshi, mnumzana. UAbrahama watsho lokhu, “Ngisuthisekile okupheleleyo ukuthi uyanelisa ukumvusa kwabafileyo, ngoba ngamamukela enjengovela kwabafileyo. Ngakho uba lowo mlayo kaNkulunkulu ungitshela ukuthi ngenze lokhu, njalo ngahlala ngiqotho kuwo, njalo kusebenzile, ukungipha indodana; uNkulunkulu uyanelisa ukumvusa kwabafileyo; lapho engamthola khona, njengomfanekiso.”

⁴⁵ O, mina, mngane! Uba uNkulunkulu eliphile lina maPentekostali uMoya oNgcwele, ukukhuluma ngendimi, kufuze ukholwe kangakanani amandla Akhe okusilisa, njalo

lobuhle lesihawu Sakhe! Uba wenza njalo Yena, kuphikisana labo bonke abafundi bezenkolo elizweni! Bathi kwakungasoze kwenziwe, kodwa uNkulunkulu wakwenza ngoba Yena waye ekuthembisile. Ngakho mana ndawonye loMbobho wakho, iLizwi lakho, Inkemba yakho, kholwa iLizwi lika Nkulunkulu. UNkulunkulu watsho njalo, njalo kwenele!

⁴⁶ Nanzelela, khathesi, wamthatha uhambo lwamalanga amathathu kusukela lapho, elembongolo. Khathesi nginga hamba, lapho ngisa bhoda bhoda, ngangihamba amamayila angamatshumi amathathu nsukuzonke, phakathi kweganga; futhi sesilenyawo zamafutha, uba sisitsho. Kodwa labo bantu, indlela yabo kuphela eyokuhambisa, kwakungaba yikugada ubabhemi kumbe—kumbe ukuhamba ngenyawo. Futhi wahamba amalanga amathathu esuka lapho ayekhona, njalo wasephakamisa amehlo akhe, phandle enkangala, njalo wabona intaba ikhatshana.

⁴⁷ Wathatha uIsaac wambopha izandla zakhe. Okokuthi, sonke siyakwazi, kuGenesisi 22 lapha, kungumfanekiso ka Khristu. Wamkhokhela phezu kwentaba, ebotsiwe, njengo Jesu owakhokhelwa phezu kwentaba, Intaba iKalvari; umfanekiso kaNkulunkulu esipha indodana yakhe, kunjalo.

⁴⁸ Kodwa bathi befika phezulu khonale, njalo wayelalela, uIsaac waqalisa ukucabangela. Wathi, “Baba, nanzi inkuni, nanti ilathi, nanku umlilo, kodwa ungaphi umhlatsshelo?”

⁴⁹ Ngakho uAbrahama, lokho ekwazi enqondweni yakhe, kodwa iLizwi leNkosi limi ngale, wathi, “Ndodana yami, uNkulunkulu uyenelisa ukuzipha Yena umhlatsshelo.” Indawo leyo wayibiza wayithi, “Jehova-Jireh.”

⁵⁰ Ngakho lapho ebopha indodana yakhe, walalela kwaze kwaba lasekufeni; wamlalisa elathini, wahwatsha ingqamu esikhwameni sayo, waqalisa ukuthatha impilo yendodana yakhe. Ngakho, lapho esenze njalo, Kulento eyabamba isandla sakhe, njalo yathi, “Abrahama, misa isandla sakho.”

⁵¹ Njalo ngaleso isikhathi, inqama yakhala, ngemuva kwakhe, impondo zibanjelwe esixukwini.

⁵² Wake wacabanga, inqama leyo yavela ngaphi? Khumbula, ilizwe lelo ligcwele izilwane lempisi njalo lama khanka, njalo lalezo nyamazana ezidla izimvu. Ngakho wayekhatshana okungakanani lempucuko? Njalo, ngakho, phezulu enqongweni yentaba, lapho okungelamanzi. Njalo wayedobhe amatshe, yonke indawo, ukwenza ilathi. Leyo nqama yavela ngaphi? Bona?

⁵³ Kodwa kwakungayisiwo umbono. Wayibulala inqama; yayilegazi. Wathini? “UNkulunkulu uyenelisa ukuzipha Yena umhlatsshelo.”

54 *Uzaphuma njani kuleso sihlalo? Lowo mntwana owome imithambo uzasila njani, kumbe wena okuleso sihlalo, wena olapho, wena olesifo senhliziyo? Kuloba kuyini, “UNkulunkulu uyenelisa ukuzipha Yena.”*

55 *UAbrahama wakukholwa. Ukhokho wahlala ethembekile kusithembiso. Njalo wapha isithembiso, esokuthi, “iNzalo yakho! Ngoba ukholiwe iLizwi Lami, njalo kunga khathalekile lesimo, inzalo yakho izathumba isango lesitha salo.”*

56 *Kungani? Sonke isitha esabuyayo, njengomfanekiso, silwisa uAbrahama, Abra- . . . Isitha sika, “Useluphele kakhulu. Sengiluphele kakhulu. Konke lokhu, njalo lakho konke.” Wayala elokhu ethembekile kusithembiso.*

57 *Khathesi, umuntu olalolokholo, uya elokhu ethatha iLizwi lika Nkulunkulu kungelani lezimo. Khathesi, uba ungenelisi ukwenza njalo, awusiyo Nzalo kaAbrahama. Yilo ukholo uAbrahama owayelalo, iNzalo yakhe.*

58 *Isithembiso sika Abrahama sasingesokuthi “iNzalo” yakhe, khathesi iNzalo yakhe eyobukhosi, njalo, njengo kutsho kwami ngesikhathi esidlulileyo. Ngakho loluphawu Alunika uAbrahama, lwaluluphawu lwesithembiso. Njalo iNzalo yobukhosi, njengokutsho kwaba se-Efesu 4:30, i “ibekwa uphawu nguMoya oNgcwele,” ngemva kokumelana lokuvivinywa. Zama ukucabanga ngakho.*

59 *Abanengi bacabanga ukuthi baloMoya oNgcwele. Abanengi bathi baloMoya oNgcwele. Abanengi bengatshengisa ubufakazi obunengi kanye lezitshengiselo zawo. Kodwa, loba kunjalo, uba kunga gcini leli iLizwi, awusiwo uMoya oNgcwele. Bona?*

60 *Ukholwa lonke iLizwi, ube usubekwa uphawu ngemva kokuvivinywa. Lapho sikholwa sonke isithembiso esise Lizwini, sesizabekwa uphawu nguMoya, ukuqinisa isithembiso. Yikho lokho, yilokho uAbrahama, indlela ayenza ngayo. Lapho, njalo lapho kuphela, esilelungelo elokuthumba isango lesitha sethu. Awungeke ukwenze ungakaqali waba yileyo Nzalo. Khumbula, eBhayibhili . . .*

61 *Ngakhuluma ngakho, eHouston kumbe kweyinye indawo, ngokunye . . . kumbe, ngitsho eDallas. Uphawu.*

62 *Khangela, i—iJuda lalingatshengisa, phansi eIsrayeli, ukuthi waye eliJuda ngokusokwa. Kodwa uNkulunkulu wathi, “Lapho Ngibona igazi! Njalo igazi lizakuba luphawu kini.”*

63 *Impilo eyaye isegazini yayingeke ibuye kumkhonzi, ngoba, phela, yaye iyimpilo yenyamazana, kwakulithunzi kuphela eliza eMpilweni uqobo. Ngakho, okuphakathi, igazi ngokwalo, kwakumele kube bomvu emnyango lase mgubazini wesivalo.*

64 *Lifakwa nge hisopu, okulukhula olwejayelekileyo, okutshengisa ukuthi kawumelanga ube lokholo oluphezulu. Kumele ube lokufananayo, ukholo olalo, njengokuthi kufuze*

udumise imota yakho, uze ensontweni. Bona? Abantu abanengi bacabanga ukuthi kufuze babe ngokuthile. . . Kodwa, hatshi, hatshi, akunjalo. Ukhohlo olu jwayelekileyo yilo okumele ulusebenzise ukufaka ngalo iGazi. Zwana iLizwi, njalo ukholwe iLizwi, lisebenzise Lona, yikho kuphela. Phongu kudobha ukhula loba ngaphi khonale ePhalestina, kwaye kule hisopu, ukhula oluncane olwalumila emikenkeni yemiduli, njalo lakuyo yonke indawo, igxanyuzwe egazini labo njalo lafakwa emnyango lase mgubazini yemyango.

⁶⁵ Njalo, khumbana, kangilandaba ukuthi babe kusi vumelwano okungakanani, umJuda ukuthi wayengatshengisa kangakanani ukuthi wayesokiwe, ukuthi wayengumuntu olunge kangakanani, sonke isivumelwano sasisesulwa ngaphandle kokuthi u—u phawu lwalukhona. “Lapho Ngibona igazi,” kuphela.

⁶⁶ Khathesi, iGazi khathesi, uPhawu, ayisikho okubumba igazi, okwabumba igazi lika Khristu, ngoba Lona lachithwa eminyakeni eyizinkulungwane eyadlulayo.

⁶⁷ Kodwa, uyabona, iGazi khathesi lapho i. . . kwakumele kube khona okubumbayo, impilo esenyamazaneni yayingeke ize phezu komuntu, ngoba impilo yenyamazana kayila mphefumulo. Inyamazana kayiqathanisi okuhle kokubi. Umuntu nguye olomphefumulo.

⁶⁸ Khathesi, kodwa lapho uJesu, iNdodana kaNkulunkulu, owazalwa yintombi, wachitha iGazi Lakhe, iMpilo eyaye ikuleloGazi nguNkulunkulu ngoKwayo. IBhayibhili lathi, “Sisindiswa yiMpilo, iGazi lika Nkulunkulu.” Hatshi igazi elo mJudha, hatshi igazi lowe Zizwe; kodwa iMpilo kaNkulunkulu. UNkulunkulu wadala leynhlansi yeGazi, eyazalwa yintombi. Kazange azi owesilisa, njalo kazange. . . njalo iqanda kalivelanga kuye.

⁶⁹ Ngiyazi inengi lenu bantu lifuna ukukholwa ukuthi iqanda lavela kuye. Iqanda kalingeke libekhona uba kungela muzwa wenyameni, wayezakwenzani ke uNkulunkulu? Bona?

⁷⁰ Wadala konke iqanda kanye lenhlansi yeGazi, njalo lelo kwaku lithabanekeli lika Nkulunkulu, lingewe. “Kangisoze ngivumele ONGcwele Wami ukuthi abone ukubola.” Bona lapho iqanda elavela khona? “Kumbe ukutshiya uMphefumulo Wakhe esihogweni.” Umzimba Wakhe wawungewe! Oh, mina! Kawu, kawungeke ukholwe lokho, ungazithi unguMkhristu njani?

⁷¹ “Sisindiswa ngeGazi lika Nkulunkulu.” Yikho okulokholo lwami. Hatshi ukuhamba lapho egazini lomprofethi, hatshi ukuhamba lapho egazini lomuntu makhaza, kumbe elomfundisi, kumbe elesazi sezenkolo. Sihamba lapho eGazini lika Nkulunkulu. UNkulunkulu watsho njalo. Waba ngumuntu Yena. Waguqula isimo sakhe. Wendlala ithende lakhe lapha, lathi, waba ngomunye wethu. UyisiHlobo sethu esinguMhlengi.

Wayemele abe yisihlobo kithi, ngoba lokho kwakungumthetho. UNkulunkulu waba ngumuntu futhi wahlala phakathi kwethu.

⁷² Nanzelela ukuthi, ekwenzeni lokhu, Yena evela Kuye, waye enguNkulunkulu, uMoya, njalo lowo Moya uza phezu kwekholwa. Ngakhoke, iMpilo eyaye iseMhlatshelweni wethu, isiboniswa kanye laleyo Mpilo.

⁷³ Ngakho bengabona njani iMpilo kaNkulunkulu ihamba phakathi kwabantu, njalo bayibize ngokuthi Yinto engcolileyo, khona Lokho kuyikubonakaliswa koMhlatshelo wethu? “Lowo okholwa Kimi, imsebenzi engiyenzayo laye uzayenza.” IMpilo Yakhe iphenduka phezu komhla-...ivela eMhlatshelweni, lapho sibeka izandla zethu phezu Kwawo njalo sizikhomba sifile emicabangweni yethu. Ngakhoke singavumela njani inhlanganiso zamabandla zisifugela kuzivumankolo kanye lezinto, njalo sithi siyaKukholwa? Sifile entweni lezo.

⁷⁴ Uphawuli wathi, “Akukho entweni lezi okungihluphayo,” ngoba wayebotshelwe oqobweni, uKhristu. Njalo yonke impumelelo yeqiniso ibotshelwe oqobweni, njalo uqobo lwami yiLizwi. Njalo wonke umuntu ungu, o—ozelwe ngoMoya, uqobo lwakhe yiLizwi lika Nkulunkulu. Ngibotshelwe Kulo. Ngafaka izandla zami Kulo. Njalo Lathatha indawo yami, njalo ngizikhombe kanye Laye. Sabakwazi ukuthi wathembisa ukuzibonisa Yena kanye lathi. Lokho kuletha ukhoho oluqotho; hatshi ukhoho lwakho, kodwa ukhoho Lwakhe; into ongayi nqandiyo. Nguye okwenzayo. Khathesi khangela. Lapho, njalo lapho kuphela, lapho i . . . isithembiso sisenzelwa wena.

⁷⁵ Akulandaba ukuthi mangaki amabandla owangenileyo, ubhaphathizwe kangaki; ubuso phansi, ukhangele phezulu, loba iphi indlela oyifunayo. Ungakafakwa lolo Phawu, awulalo ilungelo lokuzithi uxhumene loMhlatshelo wakho.

⁷⁶ Ngakho luyini uPhawu luka Nkulunkulu? Kwaba se-Efesu 4:30, ithi, “Linga mdabukisi uMoya oNgwle kaNkulunkulu, lapho elibekwe uPhawu kuze kube luSuku lokuhlangwa kwenu.” Hatshi ukusuka kweyinye imvuselelo kusiya kweyinye, kodwa ubekwe uphawu okunaPhakade kuze kufike iLanga lapho ohlangwe khona.

⁷⁷ Ngako, khumbula, uba wawungekho emcabangweni kaNkulunkulu, kawusoze ube loNkulunkulu. Bangaki abakwaziyo ukuthi Yena wayenguMhlengi? [IBandla lithi, “Ameni.”—Mhleli.] Yeboke, lapho, yonke into ehlangiweyo kumele ibuyele lapho eyawa isuka khona. Ngakhoke uba wabuya ukuzosihlenga, thina sasinga, kwesinye isikhathi sasingamelanga sihlengwe, njalo sonke sa “zalelwa esonweni, sabunjwa ebubini, sabuya emhlabeni siqamba amanga”? Kuyatshengisa ukuthi uMkhristu woqobo yisimilo somcabango kaNkulunkulu, kungakabi lomhlaba, kumbe inkanyezi, kumbe umoya, loba kuyini. KunaPhakade, njalo Wabuya

ukuzosihlenga. Ngumcabango kaNkulunkulu, okhulunywe waba yilizwi, wabonakala njalo wa le...wabuyiselwa kumcabango Wakhe.

⁷⁸ UMhlangi oyiSihlobo! Yiso isizatho uNkulunkulu yena Ngokwake wayemele abe ngomunye wethu, ukuzohlenga. Akulalutho olwalungakwenza. INgilosi yaye ingeke ikwenze, akula okunye. Waye emele ehle phansi, alingwe njengathi, ukuze asihlenga.

⁷⁹ Nanzelela khathesi inzalo kaAbrahama yase nyameni. Asike sikhangele eyinye yaleyo nzalo yase nyameni, njalo sibone ukuthi uNkulunkulu wagcina yini iLizwi Lakhe kunzalo yase nyameni, okwakungu Isaac. Asike sikhangele eyinye yaleyo nzalo yase nyameni eyakholwa sonke isithembiso sika Nkulunkulu njalo kabazange babe lombuzo. Khathesi khumbula, kwaye kulamatshumi ezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane eziphindaphindiweyo kazinkulungwane ababesokiwe kunye lakho konke, njalo bengasiyo Nzalo kaAbrahama. Qiniso, “Lowo ogumJuda ngaphandle kasuye umJuda; ngulowo ongumJuda ngaphakathi.” Bona, inengi labo, behluleka, behluleka kakhulu.

⁸⁰ Khangela, ehlane, bathi, “Thina . . .” Ngosuku lwePhasika, kumbe ekunatheni emthonjeni, kuJohane oNgcwele 6. Bonke babethokoza.

⁸¹ UJesu wathi, “Ngiyi leliyana Dwala elalisehlane. Ngiyi Sinkwa esavela kuNkulunkulu, sisuka eZulwini, uba umuntu engasidla njalo kasoze afe.”

⁸² Bathi, “Okhokho bethu badla imana ehlane, okweminyaka engamatshumi amane.”

Wathi, “Njalo bona, bonke, bafile.”

⁸³ *Bafile*, thatha iLizwi njalo ulikhangele, ubone ukuthi litshoni, “Behlukanisiwe okunaPhakade.” Kodwa, babeyinzalo kaAbrahama. *Ukufa* kutsho “ukwehlukaniswa, ukutshabalaliswa, ukubhujiswa okupheleleyo, ukutshabalaliswa.” UJesu wathi babefile, bonke, kodwa babe ngama Juda asokiweyo.

⁸⁴ Bona, abantu abazwisa usizi, ngoba singamaMethodist, Baptist, Presbyterian, ulesivumo esincane, kanye lezinto ezinjalo; udeveli ukholwa ngendlela lathi esikholwa ngayo.

⁸⁵ Kodwa kumele uboniswe kanye Lakho. UNkulunkulu kumele afakaze Kukho, ngokubeka uphawu ngoMoya oNgcwele. Akulambuzo oweLizwi!

⁸⁶ Uba ungathi, “Kahle, khathesi, kwakungokwesikhathi esadlulayo,” kulento engamanga kuhle.

⁸⁷ Asithi umuntu ubuya egijima, umtshela ukuthi ukukhanya kuyakhanya, njalo ebesevijima esiya ngaphansi kwesakhiwo, athi, “Ngiyakuyala. Ngiyakuyala. Akulanto ethiwa yikukhanya. Kangikukholwa”? Kuyabe kulento engaqondana kulowo

umuntu. Uyabe ephambene ingqondo. Engayala inhlansi zakho ezikhudumalayo kunye lamandla akho anika impilo, kulento engamanga kuhle ngaye, engqondweni.

⁸⁸ Njalo uba umuntu ebona iLizwi lika Nkulunkulu, lenziwe laba sobala phambi kwakhe, njalo labonakaliswa, njalo ebesevala njalo adonsele phansi amakhetheni akhe awe nhlanganiso yebandla, kulento engaqondanga kulowo umuntu, ngokomoya. Kulento engaqondanga kuye. Kulento engaqondanga ngokomoya. Kenelisi ukwamukela Khona. “Uyisiphofu, njalo engakwazi,” esiya ekwaHlululweni, njalo uNkulunkulu uzakuba nguMahluleli.

⁸⁹ Nanzelela lapho be—be yenze lokhu, njalo lezi imbewu khathesi ezakholwa Lokhu, bona okwayenzakalayo. Kasikhangeleni abanye babo khathesi, inzalo kaAbrahama.

⁹⁰ Kasithatheni abantwana bamaHeberu, ngoba bama beqotho njalo kabavumelanga ukukhonza izithombe. Bayala ukuguqela isithombe esenziwa yinkosi yesizwe. Senziwa singu mfanekiso womuntu ongcewele, futhi, isithombe sika Daniyeli.

⁹¹ Kwatshengisa ukuthi isizwe sabeZizwe salethwa ngendlela engaqondanga, ukukhonza isithombe somuntu ongcewele. Siyacina ngendlela efananayo, lapho abantu abazabanjwa ngamandla ukuthi bakhonze izithombe zabantu. Sabuya ngesambulo, sika Daniyeli esenelisa ukuchaza iLizwi, elabhalwa ngesandla emdulwini. Yindlela esabuya ngayo, njalo yiyo indlela esiphuma ngayo, indlela inye, isithombe soweZizwe.

⁹² Nanzelela, bayala ukukwenza. Njalo kuyini abakwenzayo? Babeyi nzalo kaAbrahama bemi beqotho eLizwini, njalo bathumba isango lesitha, elomlilo. Bakwenza. Yeboke, iLizwi lika Nkulunkulu liqotho.

⁹³ UDaniyeli, evivinywa ekukhonzeni uNkulunkulu oqotho oyedwa. Wavivinyelwa khonalokho. Njalo ngesikhathi sokuvivinywa, wamelana lokuvivinywa. Ngakho uNkulunkulu wenzani, lapho kukhanya engani konke akumhambeli kuhle, uba singatsho? Ngakho babengakwazi ukuthi benzenjani. Babeza mhambisa ukuthi ayedliwa yisilwane. Kodwa uDaniyeli wama eqinisekile esivivinyweni, esithi kuloNkulunkulu oyedwa oweqiniso, njalo wathumba isango lesitha sakhe. UNkulunkulu wayevale umlomo wesilwane.

⁹⁴ UMose wabaqotho kuLizwi lesithembiso, phambi kwaba lingiseli bamanga, uJanesi lo Jambresi, esivivinyweni. Khangela, uNkulunkulu waye hlangane laye, ngokungaphandle kwemvelo, wamtshela ukuthi ayekwenza lezo zinto, etshengise lezi izibonakaliso, njalo isibonakaliso sinye ngasinye sile phimbo. UMose wahamba, eqotho ngokwazi kwakhe. Waphosela phansi intonga, yaguquka yaba yinyoka. Liyakwazi okwenzakalayo? Nampa abalingiseli labo benza njalo bayenza into efananayo.

⁹⁵ Khathesi, uMose kazange aphose phezulu izandla, esithi, “Yebo, ngicabangela konke akuqondanga.” Wama khonapho elindele uNkulunkulu. Wahlala eqotho. Akulani lokuthi kwaba labalingiseli abangaki, wahlala eqotho. Njalo ehlezi eqotho kumlayezo wakhe, ukukhipha abantu kuleyo ndawo, lapho isango lamanzi lisima endleleni yakhe, uNkulunkulu wamenza walithumba, njalo wavula isango ngeNsika yoMlilo eyayimkhokhela. Waletha abantu elizweni lesithembiso.

⁹⁶ UJoshuwa, ongomunye umkhokheli omkhulu. Ababili kuphela phakhathi kwe...baya elizweni lesithembiso, uJoshua lo Caleb. Bafika endaweni ethiwa yiKadesh, eyaye iyisigodlo somhlaba ngaleso isikhathi, okokuthi yayiyisihlalo esokwahlulela. Njalo, o, bathuma inhlozi ezilithumi lambili ukuyakhanga ilizwe, njalo abalitshumi lambili babo baphenduka.

⁹⁷ Abalitshumi lambili babo bathi, “O, ngumsebenzi omkhulu. Sehlulekile ukukwenza. Ngakho, abantu bakhona, sikhangeleka njenge ntethe eceleni kwabo.”

⁹⁸ Kodwa uJoshuwa wenzani? Wathulisa abantu. Wathi, “Manini kancane. Siyenelisa kakhulu ukulithatha, kungelani lokuthi sibancane okunjani, kumbe ukuthi sibalutshwana.” Wayesenzani? Wayesiba qotho kuleso isithembiso, “Ngiyalipha leli ilizwe,” kodwa kumele lilwe wonke umango walo.

⁹⁹ Liyakukholwa lokho, mama? UNkulunkulu ukuphile ukusila kwakho, kodwa uzakulwa wonke umango wakho. “Yonke indawo izithende zenu ezizanyathela khona, ngizalipha leyo ndawo ibe ngeyenu.” *Imikhondo* kutsho “ukuthumba.” Konke ngokwakho, sonke isithembiso ngesakho, kodwa kumele ulwe wonke umango wendlela khathesi.

¹⁰⁰ Khathesi, uJoshuwa wayekwazi okwatshiwo nguNkulunkulu. Waye eyinzalo ka Abrahamama. Bona? Wathi, “Ngiyakukholwa lokho, ukuthi uNkulunkulu wasipha ilizwe, njalo siyenelisa ukulithatha.” Njalo ngokuba wamelana lokuvivinywa, kumelana leqembu lonke lika Isirayeli, zonke izizwe kanye labo bonke abantu bama balila njalo bakhala. UJoshuwa wathi, “Manini lithule! UNkulunkulu wenza isithembiso.”

¹⁰¹ Akulani lokuthi umkhulu okungakanani, njalo lokuthi impikiswano ingakanani, njalo lokuthi udokotela utheni, uNkulunkulu wenza isithembiso. KukuNkulunkulu ukuthi akwenze.

¹⁰² Wenzani? Lapho efika emfuleni uJordani, wathumba isango. Yikho akwe—akwenzayo.

¹⁰³ IJericho, ivaliwe njengo fudu luphakhathi kogebezi. Wenzani? Wathumba isango.

¹⁰⁴ Njalo langolunye usuku lapho isitha sakhe sizama ukumthatha, wathumba isango lesitha sakhe okokuthi walaya ilanga ukuthi lime mpo. Njalo ilanga lamlalela, njalo kalihambanga okwamahola angamatshumi amabili lane.

¹⁰⁵ UNkulunkulu uqotho kusithembiso Sakhe, akulani lokuthi kumele enzeni Yena; atshiye izulu lingasela lutho Engakayekeli iLizwi Lakhe linqotshwa. Akaze enze isithembiso angeke esigcwalise Yena. “Ngiyi Nkosi esilisa zonke izifo zakho. Bengabeka izandla phezu kwabagulayo, bazasila.” Ameni. “Uba ungakholwa, zonke izinto ziyenzeka.”

¹⁰⁶ UJoshuwa wakukholwa, loba uNkulunkulu wamisa umhlaba ukuthi ungahambi. Wawumisa khonapho ngamanye Amandla, amandla Akhe uQobo; okokuthi umhlaba kawuhambanga okwamahola angamatshumi amabili lane, uJoshuwa waze waphindisela isitha sakhe. Wathatha amasango. Ngempela, wenza njalo. UNkulunkulu uvele uqinisekile.

¹⁰⁷ Khathesi ngifisa ukuthi aluba silesikhathi sikhangele amanye amaqhawe, kodwa khathesi sengisele lemizuzo elitshumi. Khangela, wonke amaqhawe lawa aligugu, benjalo, njalo bengamaqhawe amakhulu awokholo, bonke bafa esangweni lokufa. Bonke babhubha, khonapho esangweni lokufa.

